

**UKUHLAZIYWA OKUYISIQALO (BA) KANYE NOHLELO LOKWENGAMELA IMVELO (EMPr)
EKUFAKELWENI KWETHANGI LOKWENGEZELELA LOKUGCINA UWOYELA OMNINGI
ELIHLONGOZWAYO, ELINOMTHAMO ONGU-500M³ E-GROOTVLEI POWER STATION,
ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

Iqogelo elikhulu lombhalo wolwazi lokwendlalela

Abakwa-Eskom Holdings bahlongoza ukwenza umsebenzi wokufakela ithangi lokwengezelela lokugcina uwoyela omningi, elinomthamo ongu-500m³ e-Grootvlei Power Station, eduze nase-Balfour, esifundazweni saseMpumalanga. Inhloso yalombhalo wolwazi lokwendlalela (BID) wukwazisa abantu abathintekile kanye/noma abanomdlandla (I&APs) mayelana nenqubo yesiqalo (BA) eyenziwayo yalomsebenzi ohlongozwayo. Ngokwezimiselo zeSigaba 3 eSigatshaneni 16 soMthetho ka 1998, wokunganyelwa kwemvelo ezweni lonke, (uMthetho ongunombolo 107 ka 1998) (Chapter 3 Section 16 of the National Environmental Management Act, 1998 (Act No. 107 of 1998), abakwa-Eskom Holdings sebeqoke abakwa-SiVEST, njengezazi ezizimele okubuzwa kuzo kwezemvelo, ukuthi benze inqubo edingekayo yokuhlaziya okuyisiqalo(BA) bakwenzele umsebenzi oshiwo ngenhla ohlongozwayo.

Ukubamba iqhaza komphakathi yisona sisekelo sanoma yiyiphi inqubo eyisiqalo (BA). Inhloso ebalulekile yokubamba iqhaza komphakathi ngesikhathi sokwenziwa kwanoma yiyiphi inqubo eyisiqalo (BA), wukuhlinzeka abathintekile kanye/noma abanomdlandla (I&APs) ngolwazi olwanele nolufanele kanye nokwenza inqubo yokubonisana esobala ukuqinisekisa ukubamba iqhaza okusebenzayo ngaso sonke isikhathi senqubo sokuhlaziya okuyisiqalo (BA). Lombhalo wolwazi lokwendlalela (BID) uqukethe ulwazi olusha nolufanele kakhulu mayelana nomsebenzi ohlongozwayo. Lombhalo wolwazi lokwendlalela (BID) uqukethe ulwazi lokwendlalela mayelana nomsebenzi ohlongozwayo kanye nesidingo sokusabalalisa intuthuko. Uhlobo lokucwaninga okukhethekile oluzokwenziwa ngesikhathi sayo yonke inqubo luyashiwo. Umklamo wenqubo yokuhlaziya okuyisiqalo (BA) kanye nemithetho esebenzayo kuchazwe kafuphi ngaphezu kwaleyo misebenzi nezibopho okudinga ukuthi abathintekile kanye/noma abanomdlandla babe novuso lwayo uma bebamba iqhaza enqutsheni yokubamba iqhaza komphakathi.

Isibasi esiwuwoyela se-Grootvlei Power Station njengamanje sigcinwe emathangini ayisithupha (6). Amathangi amahlanu (5) anomthamo ongu-97m³ , ithangi ngalinye bese kuthi elilodwa libe nomthamo ongu-75m³. Ngakho-ke umthamo okhona njengamanje usuwonke e-Grootvlei Power Station ngu-560m³. I-Grootvlei Power Station iphakamisa ukuthi kufakelwe ithangi lokwengezelela lesikhombisa lokugcina isibasi esiwuwoyela elinomthamo ongu-500m³, lokhu okuzokwenza ukuthi umthamo usuwonke wesibasi esiwuwoyela esigcinwe kulesisiteshi sokuphehla amandla kagesi sibe ngu-1 060m³. Ithangi lokwengezelela lesibasi esiwuwoyela elihlongozwayo lesikhombisa (7) kuhlangozwa ukuthi lakhiwe eduzane nalamathangi ayisithupha (6) akhona.

Isizinda esihlongozwayo singaphakathi kwendawo yase-Grootvlei Power Station yakwa-Eskom, engaphakathi kemingcele kaMasipala wendawo i-Dipaleseng ngaphansi kukaMasipala omkhulu wesifunda i-Gert Sibande District Municipality. I-Grootvlei Power Station yakwa-Eskom cishe ingamakhilomitha ayishumi nesishiyagalolunye (19km) ukusuka edolobheni eliseduzane i-Balfour uma uhamba ngomgwaqo i-R51.

Inhloso yokufakelwa kwamathangi okugcina isibasi okuhlangozwayo wukugwema ingozi yokuhlinzekwa ngesibasi okungathikamezeka okungabangelwa wukuthunyelwa kwesibasi kanye neziteleka zezisebenzi.

Lesisiqiniseko sokuhlinzekwa ngesibasi sizosiza isiteshi esiphehla amandla kagesi ngokuphehla ugesi okunganqamukiyo. Ithangi lokwengezelela lesibasi sikawoyela elihlongozwayo lesikhombisa (7) ngakho-ke lizoqinisekisa izidingo zesibasi sesiteshi esiphehla amandla kagesi.

Sicela uxhumane nabakwa-SiVEST, kuleminingwane ehlinzekwe ngezansi, uma kungenzeka kube khona okukukhathazayo noma uma ufuna ukuphawula.

UKUPHAWULA NEMIBUZO

Xhumana no: Nicolene Venter or Mabel Qinisile

✉ **PO Box 2921, RIVONIA, 2128**

☎ **Ucingo: (011) 798 0600**

✉ **I-E-mail: nicolenev@sivest.co.za noma
mabelq@sivest.co.za**

✉ **I-Fax: (011) 803 7272**

I-Websites: www.sivest.co.za



Established in 1952